



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMTUBATUBA NGOLWESINE MHLAKA 02
OCTOBER 2008**

Ngibanibingelela nonke

- Umuntu uze azibuze kwesinye isikhathi kungani impilo inesihluku esingaka. Uhulumeni wethu usebenza akanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke. Kodwa inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.
- Ucwangingo luveza ukuthi iningi lezingozi lidalwa ngukuphulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kudingeke ngokushesha ukuthi kulungiswe isimo somqondo nendlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Lelizwe lilahlekelwa ngabantu ababalelwa ku-15 000 ngonyaka emigwaqeni. Ibalelwa ku-R43 billion ngonyaka manje imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu ezingozini zomgwaqo.
- Yize kunemikhankaso eminingi yezokuphepha nokusabalaliswa kwamaphoyisa amaningi, kusenabashayeli nabahamba ngezinyawo abaningi abaqhubekayo nokubukela phansi ezokuphepha emgwaqeni. Ukuziphatha ngale ndlela kubeka engcupheni ukuphepha kwabanye abasebenzisa umgwaqo nezimpilo zabantu abaningi.
- Njengesizwe sibonakala singazihluphi kakhulu ngokucabanga ngezingozi esibhekana nazo emgwaqeni. Njengoba kunabantu abaningi abazibandakanya nocansi oluphephile, kubonakala kunabantu abaningi abangakaboni ukuthi ukungaziphathi kahle emgwaqeni nako kuyigciwane elizocina ngokubabhuqa.
- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiyi ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.
- Ngiyacabanga ukuthi lesi yisikhathi sokuthi sonke esesibe ngabashayeli isikhathi eside sizihlole kabusha ukuthi sisashayela ngokuyiko yini. Sibheke nje ukuthi sisakhombisa yini uma sishintsha umzila. Sisawafaka njalo yini amabhande. Sisazihlola yini izimoto zethu njalo ngaphambi kokuthatha uhambo. Sisayigcina yini imithetho yomgwaqo eyisisekelo sokusebenzisa umgwaqo.

- Yebo, singaba nemibiko nezinsolo ngalokho okungase kube yimbangela yengozi njengamanje. Kodwa okusalayo ngukuthi abantu sebehambile, amagama abo aselotshiwe.
- Yingakho sithanda ukududuza imindeni yalaba abalandelayo:

1. Hlabisa Mbuyazi	38 years	Male
2. Hlabisa Qhamukile	38 years	Female
3. Hlabisa Sbongiseni	11 years	Male
4.Gwala Fikile	57 years	Female
5.Gwala.Nompumelelo	29 years	Female
6.Hlabisa Slindile	18 years	Female
7.Mbokazi Nhlakanipho	26 years	Male
8.Shange Sabelo	21 years	Male
9.Ngwane Bhekithemba	54 years	Male
10.Mavundla Samuel	32 years	Male
11.Mtshali Nokwazi	18 years	Female
12.Gumede Amos	38 years	Male
13.Mahlangu Jackson	42 years	Male

- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu, uma sibambisana siqaphele indlela esenza ngayo izinto. Njengabashayeli kumele siqaphele ikakhulukazi uma siphethe eminye imiphefumulo yabantu. Njengabagibeli kumele sihlale siqwashile ukuthi sihamba ngokuphepha nangokusemthethweni, singazifaki ezimweni eziholela ekuhlukumezekeni. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.